# Hillcrest High School

Umnyango wesiZulu

## IBANGA LE-10

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI**

**ISIVIVINYO SIKANHLANGULANE**

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: 2 AMAHORA

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Phendula yonke imibuzo kuleli phepha.
2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu ezimbili
   Isiqephu A: Izindaba ezimfushane
   Isiqephu B: Inoveli
3. Fundisisa yonke imiyalelo ngaphambi kokuphendula.
4. Bhala ngesandla esibonakalayo.
5. Ungaxovi izinombolo.

**ISIQEPHU A: Izindaba ezimfushane**

**Izinhliziyo ezibuhlungu: Sthembiso Khwela**

**UMBUZO 1**

Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

Anikine ikhanda uDumisani, ambukisise umngani wakhe.
“Mmm…wena Senzo ukhuluma kanje awuzenzi. Wenziwa ukuthi ingqondo uyivalele ekopini.”
“Usuyabheda-ke manje! Ikhanda lami liyikopi?” Ebuza ngokucasuka.
“Ngizolibiza ngekopi ngoba uyahluleka ukucabanga ukuthi kumele ungene esikoleni, ufunde ukuze ijele lingeke lifiphaze ikusasa lakho.” Kubeka uDumisani ngesineke.
Wena awusayinakile-ke iminyaka engamashumi amabili le oyihudulayo. Usunake mina. Musa ukunginaka *please!”* asho asukume aphume uSenzo ayaluze ngaphandle ngoba phela iyona nto ayazi kahle leyo. Ukuyaluza nje. Uma engayaluzi, usuke egqolozele ithelevishini. Lapho-ke umthola elokhu ekhomba amantombazane Amahle, elokhu ethi, “Eishhh!” USenzo-ke lowo, umfo kaKhumalo.

Alishone-ke ilanga. Indoda nesigwebo sayo kumele **iyozishutheka** emashidini. Yilapho-ke la kubuya yonke imicabango nosizi lokugwetshwa. Izinyembezi ziyehla zibe umfula futhi uma isidingo sikhona. NoSenzo-ke ukuleso simo njengamanje. Okwakhe kuxubile njengoba kuqukethe usizi lwakhe jikelele kanye nale nto ayitsheliwe. Noma sithi nje umbono kaDumisani. Iqili lamaqili. Elimqondo walo uhlale undiza. Lowo mbono phela wokuthi abhalele ephephandabeni, kule ngosi ethi, “izinhliziyo ezibuhlungu.” Yilapho amabhungu namatshitshi ebika khona usizi lokudikwadikwa isizungu.

1.1 Shono ubudlelwano phakathi kukaSenzo noDumisani. (1)

1.2 Hlobo luni lodweshu olutholakala esiqeshini esingenhla? (1)

1.3 Ngabe umbhali ukwazile ukugcina umgomo wenani labalingiswa? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

1.4 Nikeza incazelo yegama elibhalwe ngokugqamile ngezansi. (2)

Indoda nendoda nesigwebo sayo kumele **iyozishutheka** emashidini.

1.5 Phawula ngesingeniso sale ndaba. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

1.6 Isiphi isizathu esenza uSenzo azishintshe igama? (2)

1.7 Kwaba namthelela muni kuSenzo ukwemukela umbono kaDumisani? (2)

1.8 Phawula ngengwijikwebu etholakala kule ndatshana. (2)

1.9 Ngokubona kwakho, kuyinto enhle yini ukuthi abantu ababoshiwe bathandane

nabangaphandle? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

**Bengingeke ngisakwazi: Sthembiso Khwela**

UMBHALO B (OFUNDWAYO)

| |
|---|
| Wathi bhakla isicabha washingila akangalinda ngisho ukuzwa uNtombi ukuthi umphendula uthini. Uthi, "Yebo ma" nje uNtombi, usezikhulumela nomoya. Emva kwesikhashana nje yabe seyiphumile eReservoir Hills imoto kaManduli. Yathi ifika esiteshini samaphoyisa, waqhashisa okwenhlamvu engena ngaphakathi. Wangena wathi qala qala, wabe eseqhwetshwa elinye lamaphoyisa athi angafika eduze kwalo lase lithi, "UnguNkosikazi Sikhosana angithi?"<br><br>"Yebo Mnumzane…" Umzimba usuvevezelisa okomhlanga emanzini.<br>"Ngiphuthuma bo, uphi umyeni wami?"<br>"Ungethuki kangako Nkosikazi. Yebo, sona isimo sibana. Kodwa ngeNkosi akaphumelelanga usathane." Ngokufutheka: "Cacisa bo Mnumzane udliwe yini umyeni wami?" kuthi ukudlula ingelosi isikhashana, aphulule ikhanda eliphuciwe usaytsheni. Aphefumulele phezulu.<br>"Umyeni wakho utholakale ezilengisile e…" **Washaqeka kwaphela nasozwanini** uMaNduli. |

2.1 Ubani igama nesibongo saloyo owatholaka owatholakala ezilengisile. (2)

2.2 Kungani uMaMdluli engafunanga ukulinda amaphoyisa? (2)

2.3 Isihloko sale ndaba siyahambisana nokwenzeka kuyo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

2.4 Chaza Isimo sokukhuluma esibhalwe ngezansi.

Washaqeka kwaphela nasozwanini. (2)

2.5 Yini eyadala ukuba umyeni kaMaNduli azilengise. (2)

2.6 Nikeza umoya otholakala esiqeshini esingenhla bese usekela ngesibonelo ESISODWA. (2)

2.7 Chaza kafushane ngezizathu ezenza ukuba uNtombi athathe impilo yakhe. (2)

2.8 Phawula mayelana nesiphetho sale ndatshana. (2)

2.9 Ngokucabanga kwakho ikuphi okwakungenziwa uNtombi ngaphandle kokuthatha impilo yakhe. (2)

**[35]**

**Elokufa alitsheli: N.M Ndlovu**

Yahlala yambalwa imivimbo kuVela wayizwa **iminjunju** wayibamba ngqi imvubu. Kwawubushudushudu endlini sekubangwa imvubu endodaneni nakuyise.
"Uzama ukwenzani? Uthatha amashansi?" Xhifi, xhafa. Uyise wayesededela udalimede wenqindi ngesandla sokudla njengoba esinye sasibambe imvubu. Ushaywa nje uVela akukho nokuvika nakhu izandla zibambe imvubu ukuze azame ukuthatha imvubu ayeseyizwe kahle ihlala iphindelela kuyena.
Savela isikhala, wadlubulundela uVela, waphuma engqasha okwenkomo iphuma esibayeni iphunyuke isithole inxeba kade ibulawa. Wathi zinyawo zami ngibelethe, wacela empumzini waye wayophuma ngesango. Walandela uyise emva kwakhe esenziwa yilukuluku lokucasuka. Wathi jeqe kanye uVela wambona uyise esemva kwakhe, wathi galo yephuka. Uyise wagcina esejikijela ngemvubu esebona ukuthi usele sengathi umile endodaneni yakhe eyayisigijimisa okwehhasho lomjaho, yehla ngomgwaqo.
Uyahamba usinda Sathane. Kuzokuqoqa ukuhlwa, ngizokubona ukuthi uzolala kuphi." Uklabalasa nje uMahlase usebambelele edanda ubuka uVela okwaba ngukubona ukuthi usemushiye ngokwanele uyise wahlukana nokugijima, wazishayela kancane sengathi akwenzeke lutho.

3.1 Shono isizathu esenza ukuba uVela ashawe. (1)

3.2 UVela noMahlase bahlobene kanjani? (1)

3.3 Shono umoya otholakala kulesi siqeshana bese usekela ngephuzu elilodwa. (2)

3.4 Hlobo luni lodweshu olutholakala esiqeshini esingenhla? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

3.5 Ukushaya umntwana wakho kuyayidala inzondo. Fakazela lokhu ngokwenzeka endabeni. (2)

3.6 Chaza igama elibhalwe ngokugqamile emishweni ongezansi. (2)

Yahlala yambalwa imivimbo kuVela wayizwa **iminjunju** wayibamba ngqi imvubu.

3.7 Igama likaVelabahleke liyahambisana yini nokuziphatha kwakhe? Sekela impendulo yakho. (2)

3.8 Hlaziya isingeniso sale ndaba ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.9 Shono OKUBILI okwehlela uVela etekisini. (2)

3.10 Ngokucabanga kwakho kwakumele yini uVela ahlele ukubulalala uyise? Sekela impendulo yakho. (2)

## KANYE

UBhiza wayeseyalele lonke iqulu labafana ukuthi wonke umuntu makakhiphe isikhali anaso ukuze kuhlaselwe unogada esikoleni. Kwaphuma imimese enhlobonhlobo, ama-screwdriver nezimbazo ezincayana. UVela wayephuce omunye umfanyana isiheshe sommese onamazenga. Labo ababengaphethe lutho bayalelwa ukuba bacoshe amabhodlela netshe.
UVela owayesexhamazela okwexhegu liganiwe , waphonseka ngaphakathi esitolo. Wafica umama omkhulukazi ehleli egcwele esihlalweni eseqala nokozela. Wabingelela wamcela amakhadibhodi angasasebenzi. **Ngaphandle kokuthi vu**, wasukuma umama wansondo waye wasithela nesishwapha sakhe egumbini eligcina izimpahla. Wabuya lapho esenyinyitheka yisitaki samakhadibhodi. Waphuma nawo uVela eseboleke nepeni lokubhala.
Lawo makhadibhodi adatshula enziwa izingqwembe. Nguyena uVela owayebhala imibhalo enhlobonhlobo eyayichaza izikhalo zabo zibhekiswe kunogada. 'SISHAYELWANI?' ,'PHANSI NGEDONKIPIRI' , ASIWAFUNI AMADEVANA EKATI ESANGWENI' , 'PHANSI NGAMABHOKLOLO.' Wazaba izingqwembe ngononina uVela esejuluke emanzi te kubonakala nje ukuthi wenza into ayikhonzile.

4.1 UBhiza wazana kanjani noVela? (1)

4.2 Ngokwesiqeshana bayalelwa ukuthini ababengaphethe lutho? (2)

4.3 Ayezokwenziwani amakhadibhodi acelwa uVela esitolo? (2)

4.4 Chaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile ngezansi. (2)

**Ngaphandle kokuthi vu**, wasukuma umama wansindo waye wasithela nesishwapha sakhe egumbini eligcina izimpahla.

4.5 Shono ukuthi ubani lo owayeyohlaselwa, futhi kungani. (2)

4.6 Chaza kafushane ngokwenzeka phakathi kwequlu nonogada. (2)

4.7 Shono OKUBILI okwenziwa uBhiza noVela okukhombisa ukungamhloniphi unogada befika okokuqala. (2)

4.8 Ngokwendaba, kungani unogada agcina ngokulidedela igovu lakhe? (2)

4.9 Ngokucabanga kwakho, ngabe babenza okufanele yini oBhiza ngokuqoqa iqulu ukuba kuyohlaselwa uNogada. Sekela impendulo yakho. (2)

**[35]**

**AMAMAKI ESEWONKE = 70**

## IMEMORANDAMU

1.1 Bangabanga/baboshwe ndawonye. √ (1)

1.2 Udweshu lwangaphandle. √ (1)

1.3 Yebo ukwazile. Abeqile kwabahlanu.√√ (2)

1.4 Iyongena/ iyolala/ iyozifaka√√ (2)

1.5 Yebo. Usivezelile umlimgiswa osemqoka okungu Senzo. Usivezelile inkinga uSenzo abhekene nayo yokungavakashela. Usivezelile ukuthi indaba yenzeka ejele kanye nesisusa sodweshu lapho uDumisani ecebisa uSenzo ngokumele akwenze.√√√ (3)

1.6 Wayebalekela amanye amacala akhe.√√ (2)

1.7 Wagcina ehlangene nodade wabo ayekade adukelana naye. √√ (2)

1.8 Ukuthola ukuthi le ntombi etholwe uSenzo ingudade wabo.√√ (2)

1.9 Yebo. Wonke umuntu uyaludinga uthando/ cha. Ngeke wazi ukuthi lo muntu uyingozi noma cha.√√ (2)

**BENGINGEKE NGISAKWAZI**

2.1 UThemba Skhosana.√√ (2)

2.2 Wabona ukuthi azothatha Isikhathi ukufika, kanti wayeselangazelele ukuthola ukuthi kwenzakanani.√√ (2)

2.3 Yebo. Sithola abalingiswa ababili uThemba noNtombi bebalisa ngokuthi ngeke besakwazi ukuqhubeka baphile ngenxa yesifo abathole ukuthi banaso.√√ (2)

2.4 Wathuka kakhulu.√√ (2)

2.5Wathola ukuthi unegciwane lengculazi. Wayedliwa unembeza wokuthi usulele uNtombi.√√ (2)

2.6 Umoya wokwethuka. UMamdluli uthuswa ukuthi umyeni wakhe akabuyi aphinde athuswe ukufonelwa amaphoyisa emazisa ngomyeni wakhe.√√ (2)

2.7 Umama wakhe wayengamulaleli futhi engameseke. Uthemba wayemunukubeza waze wamesulela ngegciwane.√√ (2)

2.8 Isiphetho sale ndaba asigculisi ngoba sigcina singatholanga ukuthi kwenzakalani ngoThemba njengoba engashonanga. (nokunye okunembayo)√√ (2)

2.9 Wayengacela usizo kwabezenhlalakahle noma axoxe nomuntu amethembayo, isihlobo noma uthisha. (izimpendulo zizohluka)√√ (2)

**[35]**

**ELOKUFA ALITSHELI**.

3.1 Wayebhema insangu.√ (1)

3.2 Ubaba nendodana. (1)

3.3 Umoya wentukuthelo. UMahlase udinwe ugane unwabu ngesenzo sikaVela. (2)

3.4 Udweshu lwangaphandle. UVela ushaywa uyise baze bagcine sebememezana.√√ (2)

3.5 UVela wagcina esemuzonda uMahlase waze wahlela ukuba abulawe.√√ (2)

3.6 Izinhlungu.√√ (2)

3.7 Cha. Yonke indawo lapho avela khona abantu abahleki kodwa bayadumala.√√(2)

3.8 Sivezelwe umlimgiswa osemqoka uVela nenkinga abhekene nayo yokungazwani noyise.√√ (2)

3.9 Wangqubuzeka esihlalweni. Waxabana nomshayeli.√√ (2)

3.10 Cha. Wonke umuntu unelungelo lokuphila/ nokunye okunembayo.√√ (2)

**KANYE**

4.1 Bangabangani√ (1)

4.2 Bayalelwa ukuba bathathe amabhodlela netshe.√√ (2)

4.3 Ayezobhala izikhalo zihanjiswe kunogada.√√ (2)

4.4 Ngaphandle kokukhuluma.√√ (2)

4.5 Unogada. Washaya uBhiza.√√ (2)

4.6 Unogada waphuma nenja laqala lahlehla iqulu.√√ (2)

4.7 Bakhuluma ngokudelela bebhema sensing phambi kwakhe.√√ (2)

4.8 Washawa ngebhodlela ekhanda.√√ (2)

4.9 Babenza okufanele: Ngenxa yokucasuka kwakufane benze okuthile ukuze bajezise lo nogada.√√ (2)

Babenza okungafanele: Unogade kwabe kungumuntu omdala kunabo kanti uze ubashaya nje yibona ababemusukelile.√√ (2)

**[35]**

**Amamaki esewonke=70**